# Kutholakale uphondo lukabhejana ezimpahleni esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport

**Tshwane, 29 kuMbasa 2022 –** Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zoPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), ngokubambisana neminye iminyango kahulumeni, zibambe izimpahla zomuntu wesifazane waseNingizimu Afrika obengumgibeli esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport ebezinezingcezu eziyishumi nambili (12) zophondo lukabhejana olunesisindo esingamakhilogremu angama-30.7.

Ukubanjwa kophondo lukabhejana kwenzeke emva kokuba izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni neminye iminyango kahulumeni belunywe indlebe mayelana nomgibeli obelibangise eDubai.

Ithimba leHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lithathe izinyathelo ngokushesha zamphelezela lo wesifazane waya endaweni yokulawulwa kwempahla ukuze ihhovisi elilawula impahla emngceleni liqhubeke nokuhlola impahla yakhe. Izikhwama ezimbili zezimpahla kanye nebhokisi kwahlolwa kusetshenziswa umshini okwazi ukubona ngaphakathi kwesikhwama okuyiwo owahlonza izithombe ezingabonakali kahle okwakusolakala ukuthi kungenzeka kube uphondo lukabhejana.

Lokhu kwaholela ekutheni izimpahla lezo zihlolwe kwase kutholakala ibhokisi elinezingcezu eziyishumi nambili (12) zophondo lukabhejana, olunesisindo esingama-30.7. Umgibeli kanye nalo uphondo lukabhejana banikelwa eMnyangweni Wamaphoyisa emva kokuvulwa kwecala lobugebengu ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

Phakathi kukaNtulikazi 2020 noZibandlela 2021, ziyi-125 izingcezu zophondo lukabhejana, ezinesisindo esingamakhilogremu angama-452, ezabanjwa esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport.

- KuZibandlela 2021: izingcezu eziyisithupha (6) zophondo lukabhejana, ezinesisindo esingu-4kg ezadalulwa kwaba ‘Izimpahla zomuntu’, zilibangise eChina.
- KuZibandlela 2021: izingcezu ezinhlanu (5) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esiyi-10kg ezazidalulwe njengemishini yokuhlola ngaphakathi 'Scanners', ezazilibangise eMalaysia.

- KuNtulikazi 2021: izingcezu ezingamashumi amathathu nambili (32) zophondo lukabhejana, ezinesisindo esiyi-160kg ezidalulwe kwathiwa 'Izitshalo eziphilayo', ezazilibangise eMalaysia.
- KuNhlolanja 2021: izingcezu eziyishumi nesishiyagalombili (18) zophondo lukabhejana, ezinesisindo esingama-63kg ezazidalulwe njengama-'HP Cartridges Developers', abelibangise eMalaysia.
- KuZibandlela 2020: izingcezu eziyishumi nesikhombisa (17) zophondo lukabhejana, ezinesisindo esingama-72.4kg ezazifihlwe kusishisisimanzi i-geyser ezazilibangise eMalaysia.
- KuMandulo 2020: izingcezu eziyisithupha (6), zophondo lukabhejana ezinesisindo eziyi-4.9kg ezazidalulwe njenge"zinhlamvu zekhofi", ezazilibangise eMalaysia.
- KuNtulikazi 2020: izingcezu ezingamashumi amane nanye (41), zophondo lukabhejana ezinesisindo esiyi-137kg ezazidalulwe njengezinto "zobuciko bezandla", ezazilibangise eMalaysia zizodlula eDoha.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter udlulise ukubonga kwakhe okukhulu kuzisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye nabalingani bazo boMnyango Wamaphoyisa ngokusebenza ngokuzinikela ekunqandeni ukushushunjiswa kophondo lukabhenjana nobunye ubugebengu obuningi obufana nalobu.

Uthe, "Sizokwenza konke okusemandleni ukuthola nokushushisa lezi zigebengu ezisebenzisanayo kanye nalabo abaphula umthetho. USARS nezisebenzeli eziphoqelela ukusetshenziswa komthetho bazokwenza konke okusemandleni ukuthi lezo zigila mkhuba zibhekane nengalo yomthetho."

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za

